

# USARS uzibophezela ngokunyusa ukusetshenziswa kwemininingo ukulekelela ukuhweba

**Tshwane, 26 kuMasingana 2022** – UKhomishana woPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), uMnu. Edward Kieswetter, ubophezele umnyango wakwaSARS olawula ukungena nokuphuma kwempahla ukuba unyuse ukuguqulwa kwedijithali uphinde unyuse ukusetshenziswa kwemininingo ukuthuthukisa nokwenza lula ukuhweba, ukuqoqa izimali uphinde unyuse nezinga lokuthobela kubahwebi abangenisa baphinde bakhiphe impahla yeqe imingcele yaseNingizimu Afrika.

Ekhuluma ngoSuku Lwamazwe Omhlaba Lokulawulwa kwempahla emingceleni, olugujwa mhla zingama-26 kuMasingana minyaka yonke, uMnu. Kieswetter wengeze ngokuthi ukuguqulwa kwedijithali nokunyuka kokusetshenziswa kwemininingo nakho bekudingeka ukulwiswana nokunyuka kolwazi nesipiliyoni sobugebengu obuhleliwe nokulawula umthamo okhulayo nobunkimbinkimbi bohwebo lwamazwe omhlaba.

UKhomishana ubike ukuthi uhlelo i-*Customs Modernisation Programme*, olusebenzisa ukuguqulwa kwedijithali nokusetshenziswa kwemininingo, luthuthukise isikhathi okulungiswa ngaso udaba ngo 22% ngoZibandlela 2021 uma luthathelwe izinyathelo zokungenelela; izinyathelo zokungenelela kwabayibambe ophondweni zehle ngesilinganiso samahora ayi-109 ngoNdasa 2020 kwaya emahoreni angama-38 kuZibandlela 2021, kwaphinda kwanciphisa izingasilinganiso sokuma kuma-*Authorised Economic Operators* ngo-86% okuholele ekongeni imali nesikhathi.

“Amasu ethu okungenelela ancike ekubhekeni ubungozi siwathuthukisile ukuze sihlonze futhi simise ukuhweba okungemthetho, kwenzeke ngesilinganiso sempumelelo esingu-54% ekupheleni kukaZibandlela 2021, okwenze imali engu-R2-billion ngaphezulu emalini eqoqiwe.

“KuZibandlela 2021, linyukile inani lokushaqwayo eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kwaSARS uma kuqhathaniswa nonyaka owedlule, kusuka ku-R1.5-billion

laya ku-R3.5-billion, kubandakanya izinto ezinezidakamizwa, izingubo zokugqoka nezindwangu.”

UKhomishana wakwaSARS uthe ezinye izinyathelo zokungenelela, zakhele ekunyukeni kokusetshenziswa kwemininingo nokukhulisa ukusebenzisana kwemininingo, zikhombise inqubekela phambili enkulu njengengxenywe yomqondo obanzi we-*SMART*.

“Okwamanje sihlola uhlelo lokuhlonza ipuleti lezinombolo zezimoto eBeit Bridge ngosizo lwababambiqhaza abasemqoka abafana ne-Freight Association kanye ne-Technical Services Providers Association. Lungaphezulu kuka-99% uhlamininingo lwamaloli eqa imingcele ebikwa kwaSARS ngokusebenzisa i-eletronikhi ngaphambi kokuthi iloli lifike emngceleni, lokhu kubandakanya nemininingwane ebhalise iloli.”

UKhomishana uthe ukuze kukhule imihlomulo yokusebenza kwalokhu kubahwebi futhi kunyuse ukuthobela, kuzoqalwa ukusetshenziswa inkundla efana ne-*Single Window*, ngokubambisana no-Transnet. Le kundla izonika abathutha impahla ihambe olwandle ithuba lokuthumela imibiko kanye kuzo zombili izinkampani ukuze kunyuke izinga lokusebenza.

Ukuqaliswa kokusebenzisana no-Transnet kuzolandelwa i-*National Single Window* ukuze abahwebi bezokwazi ukuthumela wonke amadokhumenti okweqa umngcele ngokusebenzisa indawo eyodwa yokungena kuhulumeni luphinde lunike amanye ama-*ejensi* ithuba lokubuka, bamise baphinde babophe izimpahla ezisolekayo kwezolimo, ezempilo nokuphepha.

“Omunye umklamo wokulwisana nokugeleza kwemali okungemthetho, uhlanganisa imininingo esuka kwaSARS, emabhange entengiselwano kanye nakuBhangengodla laseNingizimu Afrika,” kwengeza uMnu. Kieswetter.

Uthe uSARS usuqale uhambo lokwenza ngcono nokwemukela umkhuba wokusebenzisa ubuchwepheshe nonokuqonda njengokunye okuyakhile i-*DNA*. Kodwa-ke, uSARS uzodinga ukusebenzisana okwakhelwe phezu kokuhloniphana, ukwethembana kanjalo nokuzinikela ekwenzeni okuzosiza umphakathi wonkana.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)